AMAHEBHERU, ISAHLUKO SESIHLANU LESESITHUPHA [1]

. . . o—okweBhuku lamaHebheru. Khona-ke siyangena kwesesi 7, ubupristi bukaMelkhizedeki. Futhi-ke siyangena, kusuka ebupristini bukaMelkhizedeki, sisiyangena kulezo nsuku ezinkulu zomhlatshelo, lokwehlukanisa, ukwehlukanisa inhlawulo. Khona-ke besesingena kuleso sahluko esikhulu sokholo, isahluko 11; futhi isahluko 12, "Silahla konke okusindayo." Futhi isahluko 13, "Lelo Khaya laPhakade elingakhiwanga ngezandla zomuntu; kodwa uNkulunkulu, yedwa, lowo owenze leliKhaya elikhulu." Kumangalisa okunganani!

[2] Ngiyathokoza ukubona udadewethu ngemuva ngale, osanda kungena nje enkonzweni. Ngiyambona lomkakhe. Izolo, besisemgwaqweni wethu, ngase ndaweni leyo . . . ngangicabanga ukuthi ngazi wonke umkenke omcinyane lekhona, ngokuba ngumlindi wenyamazana lapha eIndiana, lokupatirola okweminyaka ethile. Ngangisazi indawo yonke. Kodwa ngangingabe ngilahlekile izolo, phezulu ngale lapho ababekhona, phezu kwamaqaqa, umgwaqo omutsha.

[3] Futhi ikhosikazi lalilemvukuzane emaphatshini, futhi iNkosi yamsilisa sibili umfazi. Sathatha . . . O, futhi lokuthi konke kwafika njani, sasihlezi lapho. UMfowethu Roberson, mhlawumbe ukhona, lamuhla. Ngibona umkakhe, loMfowethu Wood, labo abaphakathi. Futhi sasiphezulu lapho erolini endala, uMfowethu Roberson lami, loMfowethu Wood. Futhi sathatha iroli leyi, sahamba phezulu lapho, phezu koqaqa. Futhi lapho iNkosi yatshengisa imvukuzane isibili. Futhi-ke sama lapho futhi sakukhangela kutshiya umfazi. Ngamehlo ethu uqobo, sama futhi sakubona kutshiya umfazi. Futhi wabiza njalo kumka Mfowethu Wood; futhi wayengitshela, wayekhafula leyonto emnyama sibili. Futhi nango elapha lokhu kusa, ehlezi ngemuva ebandleni, yena lomkakhe othandekayo, belesikhathi esihle eNkosini. Akamangalisi na?

[4] Futhi angizange ngibe kwazi ukuthi i . . . Lapha, ngokuvamileyo, ebantwini abalapha, imibono ayivamanga ukwenzakala lapha. Leli likhaya lami. Futhi, ngitsho, ebandleni.

[5] ISonto, iviki, si . . . Bangaki ababelapha ukubona indoda esihlalweni samasondo? Iyisiphofu, igogekile, ingakwanisi ukuzimela, lemithambo yengqondo isingasekho, labakoMayos babesebemehlulekile. Lo—lomunye umngane wami weKatolika

ongudokotela wamthumela phezulu lapha. Futhi ngaphambi kokubuya enkonzweni, iNkosi yanika umbono ngalindoda. Liyazi lonke lokho. Futhi khonapho indoda yasiliswa, ngoITSHO KANJE INKOSI. Bona? Futhi-ke yasukuma, yaphuma phandle, yathatha isihlalo samasondo sayo, yayisibona njengawe ongakwenza kumbe engingakwenza. Futhi yaphuma phandle kwesakhiwo efuqa isihlalo sakhe, ngokwejwayelekilelyo. Futhi lomuzwa wokubhalansa . . . Liyazi, awungeke uzibambe umile, bona, awungeke nje. Futhi okweminyaka wayehlezi.

6 Futhi izolo lapho ngifika lapho, ikhosikazi lalisiba lephupho lokungibona ngingena, ngehola nje lesibili nta, futhi wammemezela "ukuba lemvukuzane," futhi-ke, "ITSHO KANJE INKOSI, 'wasiliswa.'" Futhi—futhi wavuka, futhi kwakulihola lesibili nta. Futhi uMoya weNkosi wehla phansi, futhi lapho lelo—lelo phupho abalalo, futhi iNkosi yapha ingcazelo. Futhi wasiliswa khona lapho endaweni, khona lapho esasikhangele khona. Kumangalisa okunganani!

7 Kangenelisi ukucabanga ibizo lakhe. Ngubani? Ngubani ibizo lakho, dade? Walton, Dade Walton, ohlezi ngemuva ngale. Ungasukuma nje, Dade Walton? Ngifuna ukukubuza ukuthi uzwa njani. [UDade Walton uthi, "Kuyamangalisa nje."—Mhl.] Ameni. Lokho kuhle, kulungile futhi kuhle. Muhle kakhulu, ukusibusisa ngaleyo ndlela. Ngakho sikhangelele okwedlulisileyo, okunengi, okwesilinganiso sikaNkulunkulu esikhulu.

8 Udokotela wayemfihlele lokhu. Wamtshela ukuthi "wayephefumula ngohlangothi lunye." Okwakuyikho, imvukuzane yayisikhulile indawo yonke futhi yaquma ukuphefumula okwalolo hlangothi lwephaphu, uyabona. Awungeke ubone imvukuzane nge x-ray, ngoba imvukuzane yisicucucu, ngokwayo, futhi yi—yimpilo. Futhi wena—wena—wena nje—wena—wena nje ukhangela ngale kwemvukuzane, nge x-ray. Awuyiboni.

9 Futhi, kodwa iNkosi sibili isi . . . Sama lapho futhi sayikhangela, ngokwethu, ngamehlo ethu uqobo. Sayikhangela ihamba, futhi sayibona isuka, ngamehlo ethu uqobo. Ngakho, silokubonga kakhulu ngalokho.

10 Futhi manje, lisikhulekele manje, liviki, lapho sesihambile. Futhi uMfowethu Neville mhlawumbe uzathathela lapho engitshiye khona, okwenkonzo yangoLwesithathu ebusuku. Lingakweqi manje, kulokhu kulandelana okukhulu kweBhuku leSambulo.

11 Ngiyazi umkhuleko omnengi onikiweyo, futhi si—siyazi ukuthi uNkulunkulu uyezwa imikhuleko. Kodwa thina, lokhu kusa, sifuna ukunika umkhuleko omncinyane phambi kokubalwa kweBhuku. Manje, loba nguphi umuntu owenelisayo,

angabala iBhuku *ngali*ndlela, kumbe angalivula *ngali*ndlela. Kodwa kuthatha uNkulunkulu, yedwa, ukuvula ukuzwisisa, ngoba Nguye kuphela Ongakwenza.

Ngakho kasikhothamiseni amakhanda ethu okwesikhatshana nje.

12 Manje, Baba, eBizweni leNdodana Yakho ethandekayo, iNkosi uJesu, sibuya ngokuzithoba kakhulu manje ukuzehlisa, njengenceku Zakho, ukuthi Uzakhuluma ngakithi. Soka indebe ezikhulumayo lendlebe ezizwayo, ukuze iLizwi likhulunywe nguNkulunkulu futhi lizwiwe ngoMoya, ebantwini. Siphe khona, Baba. MakaThathe iLizwi likaNkulunkulu futhi alitshumayeze kithi njengoba silesidingo, ngoba siyakucela eBizweni Lakhe lokwenkazimulo Yakhe. Ameni.

13 Manje, sibala lokhu kusa, siyataditsha. Kasi—kasitshumayeli; siyataditsha nje leliBhuku lamaHebheru. Bangaki abalikholisayo? O, siba lesikhathi esihle! Futhi manje sitaditsha nje, uMbhalo phezu koMbhalo. Kufanele . . . Lonke, iBhayibhili lonke liyabophana ndawonye. Kakula Lizwi elilodwa elingaphandle kwendawo Yalo, nxa Libekwe ndawonye ngoMoya oNgcwele.

14 Manje, umuntu uthe, "IBhayibhili liyaZiphikisa." Ngifuna ukukubona. Ngibuzile, iminyaka engamatshumi amabili lanhlanu, ngalokho, futhi kakulamuntu osowake wakutshengisa lamanje. IBhayibhili kaliphikisani. Nxa kunjalo, akusilo Bhayibhili. Omkhulu, uJehova ongelamkhawulo wayengeke aziphikise Ngokwakhe uQobo, ngakho akula kuphikisana eBhayibhilini. Yikungazwisisi kwabantu nje.

15 Manje okwesisekelo esincinyane, size sibuyele emuva. Manje, iBhuku lamaHebheru labhalwa nguPhawuli oNgcwele, kumaHebheru. Wabhala elinye kwabaseEfesu, labo kwakungabantu abaseEfesu, iBandla lamaKhristu; elilodwa kwabaseRoma eRoma; futhi elinye kwabaseGalathiya; futhi elinye kumaHebheru.

16 Manje, siyananzelela ukuthi uPhawuli, engumfundisi weBhayibhili, okokuqala. Yikho lokho esikufundileyo. Ukuthi wahlala phansi kukamfundisi omkhulu, omunye wabakhulu bosuku lwakhe, uGamaliyeli. Futhi wayegxile kakhulu kuThestamente eliDala. Wayelazi kahle. Kodwa waba ngumhlukuluzi wendlela okwakuyiNdlela kaKhristu, ngoba wayefundisiwe kuThestamente eliDala ngaphansi kwabafundisi. Kodwa abafundisi, ngokuvamileyo ngenyama . . . ngithemba angikhulumi lutho olungalunganga.

17 Kodwa, ngokuvamileyo, nxa umuntu nje elemfundiso lendlela yezikolo, kuvame ukuba ngokwenziwe ngumuntu. Bona, akuphefumulelwanga, ngoba kuba yimfundiso yesikolo. Silakho lamuhla. Presbyterian, Lutheran, Phentekhostali, zonke

lezi zikolo zilemibono yazo, futhi nje bayagoqela iMibhalo kulokhu.

18 Futhi kwakufana kuThestamente eliDala. Kodwa, uPhawuli, efundisiwe kahle, futhi esazi iMibhalo ngelizwi. Kodwa, uyabona, iMibhalo, kungenani lokuthi uYazi kakhle okunganani, nxa uMoya ungayiphilisi Yona, khona-ke okulotshiweyo kuyabulala. UMoya unika iMpilo. Bona, Kufanele kuphiliswe, kumbe kwenziwe kuphile, ngoMoya. Nxa uMoya ungaphilisi iLizwi futhi uLenze libe qotho kuwe, khona-ke okulotshiweyo yinhlakanipho nje. Yikho lapho esilabanengi abazibiza ngokuthi amaKhristu lamuhla, kumbe abazitsho ukuthi ngamaKhristu, lulwazi ngengqondo ngoKhristu.

19 Khona-ke sangena ekuthini, "Awu, kwakumele azwe olunye ulutho; futhi ubufanele wenze olunye ulutho." Futhi, o, sizakungena kukho konke lokho, emva kwesikhatshana. Omunye bekumele amemeze. AmaMethodisti ayevame ukumemeza, bengakabi lawo. AmaPhentekhosti ayemele akhulume ngendimi, bengakabi lawo. Futhi, o, abanye babo, abaQhaqhazeli, babevame ukuqhaqhazela. Yebo. Abadala . . . Babehamba phezulu laphansi, amadoda kolunye uhlangothi, abafazi kolunye. Bona? AbaQhaqhazeli. Khona-ke uMoya oNgcwele wabuya phezu kwabo futhi wabaqhuqhisa. "BabaLawo." Kodwa konke nje yikuhlanyiseka. Kakula lutho lwalo oluliQiniso.

20 UNkulunkulu uphila eLizwini Lakhe. "Ukholo luza ngokuzwa, ukuzwa iLizwi." "Ngokukholwa usindisiwe, ngomusa." Hatshi ngolunye ulutho, loba uyaqhaqhazela, kumbe ukhulume ngendimi, kumbe loba yini okuthathi ndawo. Lokho akulani lokokwenza kikho, lakancinyane. UJesu wathi, "Lowo ozwayo aMazwi Ami futhi akholwe Kuye oNgithumileyo, uleMpilo elaPhakade. Lowo ozwayo iLizwi Lami futhi akholwe," uphilisiwe kuye, "uleMpilo elaPhakade." Nanko-ke. Akulandaba ukuthi yini okuncinyane okwenzayo.

21 Manje, kangimelani lokuqhaqhazela, kumbe ukukhuluma ngendimi, kumbe ukuqhaqhazela, o, lokho—lokho kumemeza. Lokho kulungile. Lokho kuhle. Kodwa lezo yizifanekiso kuphela. Bona? Ngingakunika i-aphula esihlahleni, futhi ulokhu ungelaso isihlahla. Bona? Wena . . . Yizifanekiso.

22 Ukuqamba amanga, ukutshontsha, ukunatha, ukubhema, ukugembula, ukufeba, lokho akusikho sono, lezo yizifanekiso zokungakholwa. Bona? Yikho lokho wena—wena . . . Wenza lokho ngoba uyisoni. Bona? Kodwa kuqala uyisoni. Yikho lokho okwenza ukwenze lokho, ngoba kawukholwa. Futhi nxa ukholwa, khona-ke kawenzi lokho. Khona-ke ulothando, intokozo, ukuthula, isineke, ukulunga, ukuthambeka, ubumnene, ukubekezela. Yiso isithelo sikaMoya oNgcwele. Bona?

23 Ngakho silezinto ezincinyane, amadlabuzane amancinyane, kungenxa yokuthi umuntu wasuka kwendala, indlela ejwayelekileyo yeLizwi. YiLizwi. "Ukholo luza ngokuzwa."

24 Ngakho lapho uPhawuli . . . UNkulunkulu wakhetha uPhawuli. Umuntu wakhetha uMathiyasi. Lapho e . . . Baphosa inkatho, kodwa kazange enze lutho. Lokho kutshengisa ukuthi ngamandla bani ibandla elilawo khona-ke, ukwenza ukhetho, ukukhetha amadikhoni abo, futhi bathumele abatshumayeli babo endaweni ezehlukeneyo. Lokho ngokwenyama izikhathi ezinengi.

25 Umuntu akahambe lapho uNkulunkulu amkhokhelela ukuthi aye khona. Ngiyakuthanda lokho. Nxa abantu emhlanganweni omkhulu besithi nje, "Awu, nanti ibandla elihle. Lumfowethu wakhe ibandla elihle. Futhi silencelebana encinyane." Bazakumthumela kuleli bandla. Abananzeleli ukuthi bayazibulala. Bona? Indawo yokuqala, nxa lowo muntu esiya phakathi lapho, angeke agcwalise indawo yaleyo ndoda. Khona-ke benza ibandla libebuthakathaka, ukuzama ukutshengisa isisa encelebaneni. Kuhlezi kungaleyo ndlela.

26 Kodwa ngikholwa ngamandla okuzibusa ebandla linye ngalinye. Yebo. Yeka ibandla ngalinye lizimele, likhethe abelusi balo, amadikhoni alo, okwalo, loba yini okuyikho. Futhi-ke, ngaleyo ndlela, indoda phakathi lapho ayila bhishopi phezu kwayo. UMoya oNgcwele efuna ukukhuluma ulutho kulelo bandla, Abadingi ukuba babuze loba ngubani mayelana lokuba bangenza *lokhu* kumbe benze *lokho*. Kungu muntu ngamunye exhumana loMoya oNgcwele. Ngitshengise ngeBhayibhili lokho okukhulu, eBhayibhilini, ukwedlula omkhulu webandla lendawo? Kunjalo, yebo, mnumzana, ukuzibusa kwebandla lendawo, ibandla linye ngokwalo. Manje, ubuzalwane, kuyamangalisa lokho. Amabandla wonke kumele abe phakathi kobuzalwane njenga lokho, ndawonye. Kodwa ukuzibusa kwebandla lendawo!

27 Nanzelela uPhawuli, engumfundisi omkhulu, ofundiswe kuhle, esendleleni yakhe esiya eDamaseko, ngolunye usuku, ukubopha abantu ababe kuliNdlela entsha. Manje, wayephelele. UNkulunkulu akakwahluleli ngokuphelela kwakho. Angikaze ngibone abantu abaphelele kakhulu ukwedlula amahedeni. Abanengi babo babulala labantwana babo, ngeze, uku—ukunikela esithombeni. Akusikho ukuphelela. Umuntu engathatha i-carbolic acid, ephelele, ecabanga ukuthi uthatha olunye ulutho. Ukuphelela akukusindisi. "Kulendlela ekhangeleka ilungile emuntwini, kodwa ukuphela kwayo kuyindlela yokufa."

UPhawuli wayephelele lapho esipha ubufakazi, ngamandla akhe uqobo, ukukhanda ngamatshe uStefani. Ngokuya kweminyaka, ngithanda ukuxolisa kukaPhawuli, wathi,

“Angifanelanga ukubizwa ngokuthi umfundi kumbe ukubizwa ngokuthi umpostoli, ngoba ngahlukuluza iBandla kwaze kwaba sekufeni.” Ngokuphelela!

28 Futhi endleleni yakhe esehla, wangena esehlakalweni. UMoya oNgcwele waphuma eNsikeni yoMlilo enkulu, futhi Yamphumputhekisa. Manje, sidlule kulokho, leyo Nsika yoMlilo yayinguKhristu. Futhi UyiNsika yoMlilo efanayo eyakhokhela abantwana enkangala. UKhristu wayenguNkulunkulu, futhi uNkulunkulu wayenguKhristu. UNkulunkulu wenziwa waba yinyama futhi wahlala emzimbeni weNkosi uJesu. “UNkulunkulu wayekuKhristu, eBuyisana lomhlaba,” etshengisa lokho Ayeyikho.

29 EBhayibhilini emuva lapha, endimeni zakuqala ebesizibala, ukuthi, “WaZenza wabaphansi kuleziNgilosi. Wathatha isimo, hatshi eseNgilosi, kodwa kwathatha isimo senyama.” INgilosi zazingawanga, kazidingi ukuhlengwa. Inyama yayiwile, abantu, futhi babefuna ukuhlengwa. Ngakho, emithethweni emidala, indoda, ukuba ngu—ngumhlengi, okokuqala wayemele abe yisihlobo; iBhuku elikhulu likaRuthe, esangena kilo lapha, isikhathi esedluleyo. Lokuthi kanjani uNkulunkulu, enguMoya, wenziwa isihlobo lathi, ngokuba ngomunye wethu, ukuze asihlenge futhi asiphe iMpilo elaPhakade. Kwakufanele abe yithi, ukuthi thina ngomusa sibe njeNgaye.

30 Futhi siyathola iNsika yoMlilo yakhokhela abantwana bakoIsrayeli. Futhi lapho Isenziwa inyama lapha emhlabeni, siyamuzwa Ekhuluma ngolunye usuku, futhi Watsho ukuthi WayeyiNsika yoMlilo. Bathi, “Utsho ukuthi umkhulu kulobaba wethu uAbrahama?”

31 Wathi, “Engakabikhona uAbrahama, NGINGUYE.” Ngubani owaye NGINGUYE? INsika yoMlilo esihlahleni esivuthayo, isikhumbuzo esiqhubekela phambili kuso sonke isizukulwana; hatshi leso sizukulwana kuphela, kodwa lesi isizukulwana, iNsika yoMlilo efanayo. Futhi silokubonga lokhu kusa ukuthi silawo lomfanekiso Wayo, ukuthi Akaguqukanga. UngoNgafiyo, olaPhakade, OBusisiweyo. Wenza izinto ezifanayo manje lezo Azenzayo ngalesosikhathi, lokuthi kusenza sijabule okunganani!

32 Kodwa uPhawuli engakemukeli lesisehlakalo . . . Esazi ukuthi iNgilosi yeNkosi yayiyiNsika yoMlilo, okwakungu Khristu, i . . . Awu, Waye yiNgilosi yesiVumelwano, okwakunguKhristu. UMose wacabanga ngcono, ukuthi, wakhetha ukuthi ahlupheke izinhlupho labantu bakaKhristu, lokukhokhelwa nguKhristu, kulamagugu onke aseGibhithe. Walandela uKhristu, owayesesimweni seNsika yoMlilo.

33 Khona-ke uKhristu wathi, “Ngavela kuNkulunkulu,” lapho Elapha emhlabeni, “Ngiyabuyela kuNkulunkulu.” Emva kokufa Kwakhe, ukungcwatshwa, ukuvuka, umzimba

okhazimulisiweyo ohlezi esandleni sokunene soPhezukonke, ukunxusela; UPhawuli waMbona njengeNsika yoMlilo, njalo: ukuKhanya okwaphumputhekisa amehlo akhe, phose; yamtshaya waba yisiphofu.

34 UPhetro waMbona engena entolongweni njengokuKhanya, futhi wavula iminyango phambi kwakhe lapho ephuma. Siyathola ukuthi Waye nguAlpha loOmega, owoKuqala lowokuCina.

35 Futhi nangu Elapha lathi, lamuhla, esenza izinto ezifanayo lezo Azenzayo ngalesosikhathi, eZenza abonakale kithi, ekutshengisa emhlabeni wezesayensi.

36 O, kulelihola elikhulu lobumnyama futhi lengxube phezu komhlaba, kumele sibe ngabantu abathokoza kakhulu emhlabeni wonke, ukuthokoza, ukwazi. Isikhathi sonke, lapho abantu bephiwa infundiso, lazo zonke inhlobo zezinkolo lezinto emhlabeni, futhi kanti, lamuhla, oqotho, uNkulunkulu ophilayo, ngeLizwi Lakhe futhi ngokubonakala kobufakazi Bakhe, kusitshengisa ukuthi Ulapha kanye lathi, esebenza, ehamba, ephila, esenza khona kanye njengalokhu Ayehlezi ekwenza. Singabantu abalethuba okunganani esiyibo, ukuba lalokhu! Kufanele si . . . IBhayibhili lathi, khona-ke, kusahluko 2, "Kumele sibambisise izinto lezi. Ngoba, sizaphepha kanjani nxa sidelela usindiso olukhulu kangaka?"

37 Manje, sibuya ukufumana, phambi kokuba uPhawuli engakemukeli leso sehlakalo . . . Manje, siyakutshayelela. Manje, loba luhlobo bani lwesehlakalo osowake wabalaso bandla, ngifuna ukulibuza enye into. Kungelani lokuthi kukhangeleka kuhle okunganani, kukhangeleka kuqotho okunganani, kumele kuhlolwe kuqala ngeBhayibhili. Izikhathi zonke eLizwini! Lingakutshiyi Lokho, kuloba yiluphi uhlobo lwesehlakalo.

38 Futhi uPhawuli, ngaphambi kokukwamukela, wahamba phansi eArabhiya, futhi lapho wahlala iminyaka emithathu, ehlola isehlakalo lesi ngeLizwi. Futhi lapho ephenduka, wayeqinisekile. Akulalutho olungamkhathaza, ngoba wayeqinisekile eLizwini, enganyikinyeki. Futhi lapha kulapho atshibilika khona manje ukutshengisa kulawa maHebheru, lezo zinto ezinkulu ezakhulunywayo, ngeThestamente eliDala, zabonakaliswa kuJesu Khristu. Kuyinkazimulo bani!

39 Manje, iSonto edluleyo, kumbe ngoLwesithathu olwedluleyo, uMfowethu Neville phakathi lapha, kusahluko 5, watshaya indawo eziphakemeyo, ngoba kuyisahluko esimangalisayo. Futhi simthola esebenza kusahluko 4, ngeSonto edluleyo, nge*Sabatha*, ukugcina iSabatha. Lileqiniso, lokhu kusa, liyakwazi ukuthi ukugcina iSabatha kuyini? Nxa likwazi, wothini, "Ameni." [Ibandla lithi, "Ameni."—Mhl.]

40 I*Sabatha* yiku "Phumula" lokho esingena kukho, hatshi ngosuku, hatshi ngomthetho, kodwa ngokungena kuKhristu

okuliSabatha lethu. UliSabatha lethu. Sangena kukho konke kuThestamente eliDala, futhi satshengisa ukuthi isikhathi sizakuza lapho iLizwi lizakuza "umzila phezu komzila, umthetho phezu komthetho." Futhi Wayefakaze ukuthi sangena ekuPhumuleni Kwakhe ngoSuku lwePhentekhosti, "Ngoba lokhu kuzabangela abadiniweyo ukuba baphumule, bakhawule."

41 Siyathola ukuthi, "uNkulunkulu walinganisa usuku kuDavida, ngosuku lwesikhombisa." Futhi, "UNkulunkulu waphumula ngolwesikhombisa." Wakunika ku—kubantwana bakoIsrayeli enkangala. "Futhi njalo, Walinganisa usuku." Lusuku bani olwaluyilo? Usuku oluthile evikini? "Usuku lapho usizwa iLizwi Lakhe, ungenzi lukhuni inhliziyo yakho." Yilo usuku Angena khona, ukukupha ukuthula okulaPhakade, iSabatha elaPhakade.

42 Awuhambi ebandleni ngeSonto, ukuba ngowenkolo, khona-ke. Lapho uzalwa ngoMoya kaNkulunkulu, ungena ekuPhumuleni nininini, akusela okokugcina isabatha. U*se*Sabatheni, njalo njalo, nininini, futhi laPhakade. "Imisebenzi yakho yomhlaba isiphelile," kutsho iBhayibhili, "futhi usungene kulokhu ukuthula kwakhe okubusisekileyo."

43 Lezi izahluko ezinhlanu zakuqala zikubeka endaweni uJesu njengo Mpristi oMkhulu. "UNkulunkulu ngezikhathi zendulo langezindlela ezitshiyeneyo wakhuluma kubobaba ngabaprofethi, kodwa kulolusuku lokucina ngeNdodana Yakhe, uJesu," isahluko 1, indima 1.

44 Khona-ke kuqhubeka kusehla kusiya ekucineni kwesahluko 5, siyaMthola emelwe njengo Melkhizedeki, Owayengela kuqala kwensuku, engela kuphela kwempilo, kodwa ngokuqhubeka enguMpristi nininini. Cabanga ngakho. Yayingubani liNdoda enkulu? Sizakuthola, kokungaba ezinye izahluko ezimbili, impilo Yakhe yonke, sizakutaditsha: LiNdoda enkulu Eyahlangana loAbrahama, Ongazange abe lobaba, ongazange abe lomama, Akazange abe lesikhathi lapho Aqala khona ukuphila, kumbe Akasoze abe lesikhathi Azakuphetha khona impilo. Futhi Wahlangana loAbrahama evela ekubulaweni kwenkosi.

45 Nanzelela liNdoda enkulu, Loba WayeNgubani, lokhu esaphila. Wayengela siphetho sempilo. KwakunguKhristu, ahlangana laye. Siya ekutaditsheni okujulileyo kwalokho, ngensuku ezinlutshwane.

46 Manje, sifuna ukuqalisa lapha kusahluko 5 manje, okwesisekelo nje esincinyane singakatshayi e—esesi 6, ngoba kungenye into emangalisayo sibili. Khangelisisani. Sizaqala phose indima 7 yalesi sahluko. Awu, kasiqaliseni kundima 6.

Njengoba esitsho futhi kwenye indawo, Wena ungumpristi kuze kube phakade ngokohlobo lukaMelkhizedeki.

Owathi ensukwini zakhe *zenyama yakhe, lapho e . . .senikele imikhuleko kanye lokunxusa elokukhala okukhulu . . .inyembezi ngaku . . . kwaku*nguye *owayelamandla okumsindisa ekufeni, futhi wezwiwa ngenxa yokwesaba;*

Loba waye*yiNdodana, kanti wafunda . . .ukulalela ezintweni ahlupheka ngazo;*

47 Manje nanku lapha engifuna ukufika khona, lindima 9. Lalelani. Ngithemba uMfowethu Neville ukutshayile, ngoLwesithathu. Ngangingekho lapha. Awu, lalelani.

Futhi esephelelisiwe, waba ngumsunguli wosindiso olulaphakade kibo bonke abamlalelayo;

Ebizwa nguNkulunkulu ngokuthi umpristi omkhulu ngokohlobo lukaMelkhizedeki.

Esilokunengi esingakutsho ngaye, . . .

48 Siyakutshiya lapho kulokho, ngoba sizakuthatha uMelkhizedeki ngobusuku obulutshwane.

49 Manje sizakuqalisa kulokhu, ukutaditsha kwethu esikwejwayeleyo. Ngiyafisa . . .ngizabala nje konke okwalokhu okwesikhatshana, indima 11.

Lowo esilokunengi esingakutsho ngaye, . . . okulukhuni ukukukhuluma, lokhu selaba buthundu ekuzweni.

Ngoba lapho . . .isikhathi ebelifanele ukuba ngabafundisi, lina *liswela futhi ukuthi kube khona olifundisayo ukuthi ziyini izimiso zakuqala zamazwi kaNkulunkulu; selingabafanele uchago,* esikhundleni *sokudla okuqinileyo.*

Ngoba wonke odla *uchago kalalwazi olupheleleyo elizwini lokulunga: ngoba uyingane.*

O, ngithemba lowo Moya oNgcwele ukuthethe lokho phansi ngangaphansi kwenu manje.

Ngoba yena *lowo—lowo* osebenzisa *uchago akala lwazi elizwini lokulunga: ngoba* uyingane.

50 Ungapha ingane inyama eqinileyo, uyayibulala. Yiso isizatho abantu abanengi besithi, “Ah, a—angikukholwa lokho,” futhi bahambe. Lokhe besasezingane! Kabangeke nje bazwisise. Abangeke babambe lelo Qiniso. Li—Liyababulala. Ezinkulu, izinto ezilamandla ibandla okumele libezazi lamuhla, kodwa awungeke uLifundise. Baya—baya—baya—baya—bayakhubeka Ngazo. Kabakwazi ukuthi benzeni Ngazo.

51 UPhawuli, ekhuluma kuleliqembu lamaHebheru . . . Kanti, izifundi akhuluma kizo manje, izifundi, ezifundiswe kahle. Siyakuthola lokho, esikhatshaneni esilutshwane—esilutshwane, ezifunde kakhulu sibili. Kodwa iMfihlakalo kamoya ejulileyo, ibandla lokhe liphumputhekisiwe Kuyo. Wathi, "Lapho usufanele ukube ufundisa abanye, lokhu usaseyingane."

52 O, ngiyazi kulabanengi abaphakamayo futhi baphume futhi bathi, "O, kangidingi ukuya ebandleni njalo futhi. Makadunyiswe uNkulunkulu, uMoya oNgcwele usebuyile, Ungumfundisi." Lapho uthola lowomqondo, kawulunganga nje. Ngoba kungani uMoya oNgcwele wabeka abafundisi eBandleni nxa Wayezakuba nguMfundisi? Bona? Kukhona kuqala abapostoli, abaprofethi, abafundisi, abavangeli, labelusi. UMoya oNgcwele wabeka abafundisi eBandleni, ukuze Afundise ngalowo mfundisi. Futhi nxa ku—kungayisikho ngokweLizwi, uNkulunkulu akakuqinisi, khona-ke akusilohlobo lwemfundiso eqondileyo. Kumele kuqathaniseke leBhayibhili lonke, futhi kube ngokuphilayo lamuhla njengalokho okwakuyikho ngalesosikhathi. Nanso into eqotho ibonakalisiwe.

53 Manje nanzelelani.

> *Kodwa ukudla okuqinileyo kungokwalabo aba . . . khulileyo, loba labo ngo*kucabangisisa *basebenzisa . . . sebe*sebenzise *ingqondo ngokwejwayela ekudaluleni konke okuhle lokubi.*

Baya kwazi lokho okuhle lalokho okubi, ngokudalula.

54 Manje nanzelelani, siqala manje esifundweni sethu. Lesi sisekelo esikhulu manje, asihambeni kundima 1.

> *Ngakho-ke, sitshiya izinto zakuqala zemfundiso kaKhristu, . . .*

Kuyini akutshoyo? Zonke lezi izahluko ezinhlanu zakuqala zibekwe kuKhristu, ukutshengisa ukuthi Yena Ungubani. Manje sitshiya lezo zimiso zemfundiso kaKhristu.

55 Kuyini Esimthole yikho? Samthola EnguJehova uNkulunkulu oMkhulu ebonakaliswe enyameni. SiMthola uku—ukungabi ngumprofethi, kodwa ukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba. Waye nguJehova enziwe inyama. Futhi umzimba, uJesu, wawuMthwele kuphela. UNkulunkulu ehlala emuntwini. UNkulunkulu ebuyisana lomuntu, ngomuntu, ngokuzalwa yintombi kweNdodana Yakhe uQobo. Futhi uJehova, uMoya, wahlala Kuye.

56 Manje, bangaki abakhumbula imfundiso ngobuNkulunkulu, ukuthi sabuyela njani emuva futhi sathola uNkulunkulu njengomchilo wamakhosikazi omkhulu ngoMoya wonke owahlukileyo, ukuthi waWunjani? Futhi-ke iLogos yaphuma kuNkulunkulu, eyaba yitiyofani, futhi lokho kwakusesimweni somuntu. Futhi uMose waYibona isedlula, eliweni ledwala.

Futhi-ke leyo tiyofani yenziwa yaba yinyama yomuntu ngempela, uKhristu.

Lokuthi sathola njani ukuthi thina, ngomusa Wakhe, sileMpilo elaPhakade. Manje, ibala *nininini* li "ngokwebanga; okwebanga lesikhathi." Lathi, eBhayibhilini, "Nininini *la*nininini," ukubambanisa. Kodwa *nininininini* kutsho kuphela "isikhathi." Kodwa laPhakade kutsho nininini. Futhi kuphela yonke into eyayilesiqalo ilesiphetho, kodwa izinto ezazingelasiqalo kazila siphetho. Ngakho uNkulunkulu wayengela siqalo futhi Akala siphetho.

57 Futhi-ke, njalo, uMelkhizedeki, uMpristi omkhulu, njengomuntu, Wayengela siqalo futhi Akala siphetho. Futhi lapho thina, ngaleyo tiyofani, ukuthi, senziwa emfanekisweni kaNkulunkulu umhlaba ungakadalwa; lapho leyo tiyofani isiyenziwe yaba yinyama futhi yahlala phakathi kwethu, khona-ke, ngokufa Kwakhe, thina ngokwethu samukela uMoya Wakhe futhi asila siphetho; IMpilo elaPhakade; hatshi iNgilosi, kodwa amadoda labafazi. O, ngi . . . Ngenye indlela, nxa ngingakuthola ngaleyo ndlela abalaleli bami—bami abangakubamba ngayo! Awusoze ube yiNgilosi. UNkulunkulu wenza iNgilosi, kodwa uNkulunkulu wenza umuntu. Futhi lokho uNkulunkulu akwenzayo kusuka kuNkulunkulu, okungokulaPhakade njengalokho uNkulunkulu ayikho. Futhi umuntu ungulaPhakade njengoMdali wakhe, ngoba wenziwa evela elaPhakadeni.

58 Kodwa isono silesiphetho, ukuhlupheka kulesiphetho. Ngakho-ke akungeke kube lesihogo esilaPhakade. Kulesihogo, umlilo lesibabule, siyakwazi lokho, kodwa kakula sihogo esilaPhakade. Kulohlobo olulodwa kuphela lweMpilo elaPhakade futhi lolo ngolukaNkulunkulu. Nxa uzakuhlupheka okwanininini, uleMpilo elaPhakade. Isihogo silesiphetho, kungaba yiminyaka engamabhiliyoni, kodwa sizafika emaphethelweni.

59 IBhayibhili kalitsho, loba ngaphi, ukuthi bahlupheka laPhakade, lathi, "Nininini lanininini." UJona wacabanga ukuthi wayesesiswini sensikabayitshiye "nininini," laye. *Nininini* kulesibanga kumbe isikhathi esilinganisiweyo. Kodwa *ilaPhakade* iyaqhubeka, ayilasiqalo kumbe isipetho. Kunjendingilizi, isigombolozi. Futhi lapho isikhathi sethu siqhubeka, sisekuzungezeni kuphela kunjongo ezinkulu zikaNkulunkulu.

60 Injongo kaNkulunkulu kwakuyikwenza umuntu emfanekisweni Wakhe, ukudlelana Laye. Futhi Wamenza waba ngumuntu obambekayo. Manje, isono sasiletha endaweni yo—yo—yokubola, kodwa lokho akumisi uhlelo lukaNkulunkulu. Futhi, mngane oyisoni, lamuhla, nxa ungazalwanga kutsha ngoMoya kaNkulunkulu, ulesiphetho kwenye indawo. Futhi

isiphetho sakho yingxube, yikuchitheka, lokuhlupheka, losizi. Kodwa kini elikholwe eNkosini uJesu, futhi lamukela ofanayo njengo Msindisi wenu oqondene lani, KungokulaPhakade njengalokho uNkulunkulu elaPhakade. Awula siphetho, "Ngibanika i*Zoe* elaPhakade, iMpilo kaNkulunkulu uQobo, futhi abasoze babhubhe kumbe bangene ekwaHlulelweni ngitsho, kodwa sebedlule ekufeni baya ekuPhileni." Yikho lokho Ayeyikho. Yikho lokho Akubuyelayo.

61 Manje, uJesu, ekubuyeni Kwakhe, ngobupristi Bakhe, kazange abuye ukuzoba lozwelo nje. Abantu abanengi bakufundisa kanjalo, ukuthi Wabuya, esithi, "Awu, mhlawumbe nxa ngihlupheka, ngizakuba ngo—ngo—ngokhangelwa okuzwisa usizi futhi abantu ngeqiniso bazakuza Kimi." Liphutha lelo. Akula Mbhalo walokho.

Ngoba, wonke umuntu ozakusindiswa, uNkulunkulu wabazi umhlaba ungakabunjwa. IBhayibhili latsho njalo. UNkulunkulu kathandi, manje, ukuthi loba ngubani abhubhe. Ubafuna bonke babuye ekuphendukeni. Kodwa, enguNkulunkulu, ngokwazi ngaphambili Wabakwazi.

62 Khangela kwabaseRoma, isahluko 8. UPhawuli wayebambelele phezulu lapho, ekhuluma mayelana ngokhetho lukaNkulunkulu, ukuthi, "UEsawu loJakhobe, ingane ngayinye ingakazalwa, kumbe loba yini, uNkulunkulu wathi Wabazi futhi Wazonda uEsawu futhi wathanda uJakhobe," ngaphambi kokuba umfana ngamunye esiba le—lethuba lokutshengisela ukuthakazelela kwabo, ngoba Waye nguNkulunkulu. Uyakwazi . . . Akalamkhawulo. Nxa Engelamkhawulo, Wazi indwebundwebu yonke, impukane yonke, ubudununu bonke, into yonke eyayizakuba emhlabeni, Wayeyazi. Ungulowo ongelamkhawulo, ulaPhakade, ongafiyo, uNkulunkulu obusisiweyo, olamandla wonke, ukhona ndawo zonke, okwazi konke. Akulalutho Angalwaziyo. Yiso isizatho Engakhuluma lokho isiphetho esizakuba yikho. Wakwazi isiphetho kusukela ekuqaleni.

63 Okuyibuprofethi nje lulwazi Lwakhe. Uligqwethakhulu. U—Ungu—UngumaHluleli. Futhi Ukhuluma nje ku—kugqwetha okunye kwenhlakanipho Yakhe. Futhi yikho lokho isiprofetho esiyikho, lokho angakukhuluma ngaphambili, ngoba Uyakwazi lokho okuzakuba khona. Manje, nango uNkulunkulu esimkhonzayo. Hatshi unkulunkulu wembali, hatshi njengamaBhuda lamaMohamedi, lokunjalo. Kodwa, uNkulunkulu ondawo zonke, khona manje lapha, lokhu kusa, kuleli thabhanekeli khona manje; UJehova oMkhulu, NGINGUYE, OwaZibumba ekuzehliseni, ukuthatha isimo senyama elesono. Nangu Elapha. Nguye Owakuhlengayo. Akungeke kubelomunye, loba ngaphi, loba siphi isikhathi ongakwenza.

64 UNkulunkulu kazange abe labantu abathathu phezulu-le, futhi wathumela omunye wabo, iNdodana Yakhe. KwakunguNkulunkulu, Ngokwakhe, esiza esimweni seNdodana. Indodana ilesiqalo, futhi iNdodana yayilesiqalo. Ukuthi, abanye benu bantu beKatolika abathandekayo, ngilebhuku lenu, *Amaqiniso Okholo Lwethu*, lathi, "Ubudodana bukaNkulunkulu obulaPhakade." Uzalichaza njani lelolizwi? Uzalenza lizwisiseke kanjani? Lingaba kanjani ngokulaPhakade? Lelo kayisilo Bhayibhili. Libhuku lenu lelo, "Ubudodana obulaPhakade." Kaba . . . Lelo lizwi aliqondanga. Ngoba, yonke into eyindodana yayilesiqalo, futhi iPhakade kayila siqalo, ngakho akusikho budodana obulaPhakade. UKhristu waba yinyama futhi wahlala phakathi kwethu. Wayelesiqalo. Kwakungela budodana obulaPhakade. YibuNkulunkulu obulaPhakade, hatshi ubudodana. Manje, Wabuya ukuzosihlenga, futhi Wasihlenga.

65 Manje, uPhawuli, efika lapho, engileqiniso ukuthi ezifundweni ezedluleyo lakuzwisisa. Sizakungena kikho njalo, esinye isikhathi, iNkosi ithanda, indima ngendima nje. Manje.

> *Ngakho-ke* sisiba . . . *sitshiya i—izimiso zemfundiso kaKhristu, kasiqhubekeleni kokupheleleyo;* . . .

66 Lokho kuyabakhubekisa, kakukwenzi na? Kasenzeni ini?

> . . . kasi*qhubekeleni kokupheleleyo; singabeki njalo i*zisekelo . . .

67 Khangelani lokhu. Kasithatheni lelilizwi "ukuphelela." Liyakwazi ukuthi kulendlela eyodwa kuphela elizakuma ngayo eBukhoneni bukaNkulunkulu? Lokho, yikuphelela. UNkulunkulu angeke amele izinto ezingangcwele.

68 Futhi lina abomthetho: lingaziphelelisa kanjani ngokwenu, lapho lingela ngitsho into eyodwa eyokuziphelelisa ngayo? Lazalelwa esonweni. Ukubunjwa kwakho uqobo kwakusesonweni. Isifiso sakho impela sokuba lapha kwakuyisono. "Wazalelwe esonweni, wabunjelwa ebubini, wabuya emhlabeni ukhuluma amanga." Manje kungaphi lapho ozakuma khona?

69 Ungaphi, soni, o—owathi, "Ngizatshiya ukubhema. Ngizakuya eZulwini"? Ungaphi, obuthukuthuku, owakudala, obizwa ngokuthi mKhristu, ohamba ngalapha lobuso obude futhi usithi, ukuthi, "Awu, ngingowebandla"? Wena soni. Kunjalo. Ngaphandle uzelwe ngoMoya kaNkulunkulu, ulahlekile. Kuliqiniso.

70 Uzakuya njani eZulwini? Wena uthi, "Angikaze ngiqambe amanga empilweni yami." "O, isithandwa. Kwa—kwakuyiNgilosi, kwasekuqaleni." Lawo ngamanga. Angilandaba ukuthi umuhle okunganani; uyisoni. Futhi awulanto eyodwa; akulampristi, akulabishopi, akula khadinali, akulapapa, loba enye into engakusindisa, ngoba usesimweni

sinye okuso. Siyangena kukho ngemizuzu emilutshwane. Esimweni esifanayo. Waye . . . upapa weRoma wazalelwa esonweni, wabunjelwa ebubini, wabuya emhlabeni ekhuluma amanga, wazalwa ngesifiso sasemacansini sendoda lomfazi. Uzakuthola ngaphi ukulunga kulokho na?

71 "Awu, ubaba wakhe lomama bazalwa ngendlela efanayo, futhi bazalwa ngendlela efanayo, logogo wakhe lokhulu futhi kusiya kusiya emuva." Kuyisono, kwasekuqaleni!

72 Ngakho ngubani ongatsho ukuthi *lokhu* kungcwele lalokho kungcwele? Kulento eyodwa kuphela engcwele, lowo nguJesu Khristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo, Ophelelisiweyo. Futhi isidingo sethu yikuphelela. Manje, sizakuba yikho kanjani? Kuzame, ngokwakho. Ngingazonda ukuzama ukufika eZulwini ekulungeni kokuthi, "Ngizelwe imizuzu emihlanu edluleyo, futhi ngiphuma emhlabeni khona manje." Ngingalahleka. Nxa ngingakaze ngibe lomcabango omubi empilweni yami, nxa ngingakaze ngikhulume ilizwi elibi empilweni yami, nxa ngingakaze ngikhangele loba yini embi, ngingakaze ngicabange loba yini okubi, kumbe ulutho, ngingobolileyo futhi ngimnyama njengemiduli elemsizi yasesihogweni. Ngiyisoni.

73 Ngingabuya empilweni futhi ngihlale ngikhiyelwe ekamelweni, futhi njengabanye odade besiCarmel kumbe enye into, futhi ngingaboni umhlaba, ngihlale phakathi lapho futhi ngikhuleke impilo yami yonke, ngiyenze okuhle, ngizalwe ngingusomazigidi futhi nginike abayanga konke engilakho, futhi ngilokhu ngiyisoni futhi ngizakuya esihogweni. Yebo, mnumzana.

74 Ngingajoyina ibandla leLutheran, Baptisti, Phentekhostali, Presbyterian, lapho ngisebhukwini lamabizo abantwana, futhi ngiphile ngithembekile kulelo bandla kuze kube yiminyaka elikhulu, futhi impilo yami ithathwe, futhi kungela muntu ongakhomba umunwe wabo kimi futhi athi "Wake waba lokunjengomcabango omubi," ngizakuya esihogweni ngeqiniso njengoba ngimile.

75 Ngiyisoni. Lokho kuqondile. Angila lutho. Akula ndlela, ngitsho, engingathola loba—loba iphi inhlawulo yokubhadala. UNkulunkulu wayedinga ukufa. Futhi nxa nginikela impilo yami uqobo, nxa nginikela impilo yami, khona-ke ngingaphenduka kanjani? Ngoba, wena . . . Isikwelede kumele sibhadalwe, kuqala. Futhi uNkulunkulu waye nguye Yedwa kuphela owayengabeka impilo Yakhe phansi futhi Ayithathe njalo. Ukuze Abe yisono, futhi abeke iMpilo Yakhe phansi futhi Ayithathe, futhi akubize ngokuthi "ukulunga," futhi isikwelede sesibhadelwe. Nanko-ke.

76 Manje kasivuleni kuMathewu, okungaba isahluko 8, ngiyakholwa kuyiso, isahluko 7 kumbe 8. Sizabona lokho uJesu

akutshoyo lapha. Kulungile. NguMathewu, isahluko 5. Futhi i . . . uJesu, etshumayela, etshumayela ezibusisweni, indima 47.

Futhi uba li*bingelela abafowenu bodwa, lenzani* lina *okukhulu okwedlula okwabanye? kabenzi njalo labathelisi . . . ?* (Khangelani.)

Ngakho lina wobani ngabapheleleyo, . . . (Ini?)

Lina wobani ngabapheleleyo, njengoba uYihlo osemazulwini ephelele.

Lowo kwakungumlayo kaJesu, "Wobani njalo."

77 Bathi, "Akula muntu ongaphelela, iBhayibhili lathi, 'Akula opheleleyo.' Nanko ukuziphikisa kwakho." Kuyikho na? Kulungile.

78 Kawungeke uphelele ngokwakho. Nxa uthemba kulokho owakwenzayo, ulahlekile. "Ngakho wobani ngabapheleleyo, liphelele nje njengoNkulunkulu ephelele." Manje:

Ngakho wobani liphelele, njengoYihlo wenu . . . ezulwini ephelele.

79 "Ngakho-ke . . . " Manje isahluko 5, isahluko 6 samaHebheru.

Ngakho-ke sitshiya izimiso zemfundiso kaKhristu, kasiyeni phambili e*kupheleliswe*ni*; . . .*

80 Manje, lina, Branham Thabhanekeli. O, ngiyazi, "Silokusiliswa." Lokho kuyamangalisa. "Silemibono." O, lokho—lokho kuhle. Futhi lilamaphupho kamoya, futhi kwezinye izikhathi akusiwo maphupho kamoya. Futhi—futhi kwezinye izikhathi uya . . . "Thina, siyazama ukunceda abayanga. Senza lokho esingakwenelisa." O, lokho kulungile, kodwa akusikho lokho esikhuluma ngakho manje. Sesingena kwesinye isigaba.

. . . sitshiya . . . imfundiso . . .

81 "O, yebo, sile mfundiso kaKhristu. Siyakholwa ukuthi WayeyiNdodana kaNkulunkulu, izelwe yintombi. Siyakukholwa lokho, lazo zonke lezi izinto." Lokho kuyamangalisa nje.

82 Kodwa, "Sitshiya lokho, asiyeni phambili ekupheleli*swe*ni." O, minabo! Ngifisa ngabe bengilelizwi lengilosi enkulu manje, ukuletha lokhu endaweni lapho elingakubona khona. Manje uthi, "Sitshiya yonke imfundiso kaKhristu," bonke a—abesayensi yezenkolo, layo yonke isayensi yenkolo esiyaziyo, konke ngobuNkulunkulu bukaKhristu, ukuthi Waye nguNkulunkulu njani enziwe inyama, zonke lezi ezinye izinto.

83 UPhawuli uyaqhubeka ekuchasisa konke lapha, ngemizuzu emilutshwane nje. Asikubaleni nje, kancinyane, singakafiki kikho.

. . . sibeka futhi izisekelo *zokuphenduka emisebenzini efileyo . . .*

Manje, siyakukholwa lokho.

. . . lo*kholo* kuNkulunkulu,

Siyakukholwa lokho.

Futhi le*mfundiso zobhaphathizo,* . . .

Ukuthi kumele ubhaphathizwe kanjani nje, siyakukholwa lokho.

. . . *lokubeka izandla,* . . .

Siyakholwa ekubekeni izandla, asikukholwa na? Bona, konke lokho, sibili.

. . . *loko* ku*vuka kwabafileyo,* . . .

84 Siyakukholwa lokho. Manje khangela. Uyabona lapha, "Ukwahlulelwa," kuyasetshenziswa, "laPhakade." Lokho kunininini. Lapho ukwahlulelwa kukhulunywa ngoNkulunkulu, kunininini. Khona-ke, kakusayikuba lokubuyisana emva ukwahlulelwa sekudlulile. Manje ungazwisisa kungani uNkulunkulu wayefanele athathe Abakhe uQobo—Abakhe uQobo, njengoba singakubiza, umuthi Wakhe uQobo. Lapho Elahla umuntu ngokona, indlela kuphela Ayengabuyisana ngayo, kwakuyikuthatha indawo yomuntu Ngokwakhe. Yiyo indlela kuphela angabuyisana ngayo, kumbe asibuyisanise thina, kwakuyikuthatha indawo yethu futhi abe yisoni. UNkulunkulu, uJehova, waba yisoni, futhi Wanikela impilo Yakhe.

85 Manje, ungapha impilo yakho, njengesoni, ukufela injongo. UPhawuli wathi, "Loba nginikela umzimba wami ukuba utshiswe njengomhlatshelo, ngilokhu ngingayisilutho," ngoba akuyi kusebenza. Bona, lapho usifa, awusekho. Ufa njengesoni, ulahlekile.

86 "Kodwa uNkulunkulu wehla phansi enyameni, futhi walahla isono enyameni, esenziwa inyama elesono." Ngoba, Waye nguNkulunkulu olaPhakade, futhi wavusa umzimba Wakhe uQobo, ngakho UnguMlungisisi.

87 Manje, zonke lezi izinto, "Kasiyeni phambili ekuphelelisweni," watsho uPhawuli. Manje ini?

. . . *sokwahlulelwa okulaphakade.*

. . . *lokhu* siza*kwenza,* . . . *UNkulunkulu evuma.* (indima 3.)

88 Manje, "Asiyeni phambili ekuphelelisweni." UJesu wathi, "Wobani ngabapheleleyo, njengoYihlo wenu eZulwini ephelele."

Futhi thina, sonke, silahliwe. Kungela ndaba lokuthi senzani, silahliwe. Sazalwa, silahliwe. Umama wakho lobaba bazalwa, belahliwe. Abakho, bonke obabomkhulu bakho bazalelwa esonweni, babunjwa ebubini. Ngakho lalizakukuthola kanjani? Uzakuphelela kanjani? Nxa ungakaze wenze ulutho, ungakaze untshontshe, ungakaze uqambe

amanga, ungakaze wenze ulutho empilweni yakho, ulokhu ulahliwe. Walahlwa ungaka phefumuli umphefumulo wakho wokuqala. Walahlwa. Lokho kuqondile. Futhi wahlulelwa nguNkulunkulu ungaka phefumuli umphefumulo wakho wokuqala. Ngoba wahlulelwa, ngesifiso sasemacansini sikababa wakho lomama abathi, ngesenzo sabo, bakuletha lapha emhlabeni. Futhi uNkulunkulu wakulahla, ekuqaleni. Ulahliwe, kwasekuqaleni. Ngakho lapho o . . . Futhi wonke omunye umuntu emhlabeni walahlwa lawe. Manje wawuzakuthola ngaphi ukuphelela na?

89 Khangela. Asivuleni okwesikhatshana nje kumaHebheru, isahluko 10. Lalelisisani. Ngifuna ukubala kancinyane esahlukweni 9, kuqala, indima 11.

> *Kodwa uKhristu esefikile engumpristi omkhulu wezinto ezinhle ezizayo, ngethabhanekeli elikhulu futhi lelipheleleyo,* ithabhanekeli Lakhe uQobo, inyama Yakhe, . . .

90 Bona, ithabhanekeli elidala . . . Linanzelele yini? Ithabhanekeli elidala lalileveyili phakathi kwalo, elafihla umtshokotsho lapho uNkulunkulu ayehlala khona. Bangaki abakwaziyo lokho? Qiniso. Awu, lelo thabhanekeli elidala elenziwa ngumuntu lapha, amakhetheni enziwe ngezikhumba zembuzi ezidayiweyo, lokunjalo, enziwa ithabhanekeli ukufihla uBukhona bukaNkulunkulu. Bangaki abaziyo ukuthi indoda eyodwa kuphela yayingangena phakathi lapho kanye ngomnyaka? Ngeqiniso. Lowo kwakunguAroni, wangena kanye ngomnyaka. Futhi kumele ukuthi agcotshwe. Futhi—futhi, o, okudingakalayo! Futhi kumele abe lomlilo esandleni sakhe; futhi nxa wahamba engela lokho, wafa khona masinya lapho edonsela muva lelo veyili. Wayesiwa afe. Kumele angene phakathi lapho futhi alumathise izinti zezibane, futhi afafaze isihlalo somusa esabizayo, igazi lokufa, isibambiso sibe njalo, uKhristu waze wabuya ukukugcwalisa.

91 Manje, kodwa, uNkulunkulu khona-ke waba komunye umfanekiso wethabhanekeli. Futhi lelo thabhanekeli laliNgubani? UJesu. Futhi uNkulunkulu wayephakathi kukaJesu, futhi Wayefihliwe, kodwa Waye ebuyisela umhlaba Kuye, ngokuzitshengisela Kwakhe. UKhristu wembula uNkulunkulu. Wathi, "KayisiMi owenza imisebenzi. NguBaba Wami ohlala Kimi. Angenzi lutho Ngokwami kodwa lokho engibona uBaba ekwenza. UBaba Kimi, eNgitshengisa imibono leyi, futhi-ke ngiyahamba ngenze nje lokho uBaba aNgitshela ukuthi ngikwenze." Liyakuthola? UNkulunkulu wayephakathi komzimba womuntu, hatshi ngemuva kwezikhumba zembuzi ezipendiweyo, kodwa wayephila, ehamba. UNkulunkulu wayelezandla; UNkulunkulu wayelenyawo; uNkulunkulu wayelolimi; uNkulunkulu wayelamehlo; futhi kwakunguKhristu. Nango Elapho.

92 Manje, Wasuka wahamba, futhi uMoya wangena kulokho, ukuthi ngokufa Kwakhe Engaphelelisa iBandla futhi enze iBandla lizehlise. Futhi-ke uMoya ofanayo owawukuKhristu useBandleni, usenza izinto ezifanayo uKhristu azenzayo. "Okwesikhatshana futhi umhlaba awusayi kuNgibona njalo futhi; kodwa lina lizaNgibona, ngoba Ngizakuba lani, laphakathi kwenu, kuze kube sekupheleni komhlaba."

93 Manje lalelani kulokhu.

> *Kodwa uKhristu* esiba ngu*mpristi omkhulu wezinto ezinhle ezizayo, ngethabhanekeli elikhulu lelipheleleyo, elingenziwanga ngezandla, okuyikuthi, elingayisilo lalokhu kudalwa;*

Akenziwanga ngezandla. WaZalwa njani? Ukuzalwa yintombi.

> *Futhi kungayisikho ngegazi lembuzi lamathole,* umzimba lowu wake wanikelwa kumbe wangcweliswa, *kodwa ngegazi lakhe uqobo* . . .

94 Liyakwazi ukuthi igazi livela ebulilini bowesilisa. Futhi-ke omunye wathi, "O, uJesu wayengumJuda." Waye ngayisuye mJuda. "O, sisindiswe ngegazi lamaJuda." Hatshi, kakunjalo. Nxa sasindiswa ngegazi lamaJuda, silokhu silahlekile.

UJesu wayengasuye mJuda, njalo Wayengasuye oweZizwe. Waye nguNkulunkulu: UNkulunkulu uBaba, uMoya lowo Ongabonwayo. "Akula muntu obone uNkulunkulu loba ngasiphi isikhathi, kodwa ozelwe yedwa kaBaba uMbonakalisile." Wabonakalisa uNkulunkulu, lokho uNkulunkulu ayeyikho.

95 Manje iBandla Lakhe kumele libonakalise uNkulunkulu, ukutshengisa lokho uNkulunkulu ayikho. Bona?

Kuyini esikwenzayo? Siyazihlela ngokwethu, futhi, "kangilalutho lokwenza *labo*. BangamaMethodisti. BangamaPresbyterian. Kangifuni lutho lokwenza *labo*. NgingumBaptisti. NgingumPhentekhostali." Huh! Ulahlekile, kanye lalezo nhlobo zenjongo. Kuqondile.

96 Ngubani ongaziqhenya? Ngubani ongatsho ulutho? Khangelani ihlazo amaPresbyterian alilethileyo. Khangelani ihlazo, amaBaptisti. Khangelani ihlazo, iKatolika. Khangelani ihlazo, amaPhentekhosti, amaNazareni, amaPilgrim Holiness. Khangelani abanye babo bonke.

Kodwa, ngiyaligolomba ukukhomba isandla esisodwa, ehlazweni, kuLokho. Yebo. Khomba umunwe owodwa, lapho uNkulunkulu uSomandla wathi, "Leyi yiNdodana Yami ethandekayo engithokoza ukuhlala kuyo. Izwenini Yona." Nango Lapho. Yiyo Leyo epheleleyo.

97 Manje, kasibaleni phambidlana kancinyane lapha manje.

Futhi kungeyisikho ngegazi lezimbuzi . . . amathole, kodwa ngegazi lakhe uqobo wangena kanye endaweni engcwele, esezuze ukuhlengwa okulaphakade . . . (Liyakuthola na?) . . . *ukuhlengwa okulaphakade esenzela thina.*

98 Hatshi ukuhlengwa lamuhla, futhi-ke, iviki elandelayo lapho imvuselelo iqala, uhlengwe njalo, futhi-ke, o, sihlehlela emuva futhi sihlengwe njalo. Uhlengwa kanye, nininini. Kunjalo. Akusela njalo ukuhlengwa, ukuhlengwa, ukuhlengwa. "Ukuhlengwa okulaphakade!" "Lowo ozwayo aMazwi Ami futhi akholwe Kuye lowo oNgithumileyo, uleMpilo elaPhakade, futhi akasoze abuye ekwahlulelweni, kodwa use," inkathi edluleyo, "dlule ekufeni waya ekuPhileni." Ngoba uqhaqhazele? Ngoba wabhaphathizwa ngendlela ethile? Ngoba wayelegazi esandleni sakhe? "Ngoba ukholwe eNdodaneni kaNkulunkulu ezelwe yodwa." Yiyo indlela esilokuhlengwa okulaPhakade ngayo.

99 Lalelani manje.

*Ngoba . . . igazi lezinkunzi lezimbuzi, lomlotha wa*mathozaki ufafaza a—a . . . ufafaza *abangcolileyo,* ungcwelisa *kuze kube sekuhlambulukeni kwenyama:*

Kakhulu kanganani igazi likaKhristu owathi ngoMoya olaphakade wazinikela kuNkulunkulu engelasici, lahlambulula *isazela* sethu *emisebenzini efileyo ukukhonza uNkulunkulu ophilayo?*

100 "Sedlule ekufeni saya ekuPhileni." Kuyini okukukhathazayo ngalokho umhlaba okucabangayo? Kuyini okukukhathazayo ngalokho umakhelwane wakho akucabangayo? Isazela sethu sifile, futhi siguquliwe futhi sazalwa kutsha ngoMoya kaNkulunkulu, ukuzokhonza uNkulunkulu weqiniso lophilayo. Nanko-ke.

101 Manje kasehleleni kundima yesi 10, isahluko 10, bengisitsho, nganeno kwepheji.

. . . umthetho ulesithunzi sezinto ezinhle ezizayo, ungeyisiwo umfanekiso uqobo wezinto, ungeze waba lamandla ngaleyomihlatshelo leyo *abayinikelayo* njalonjalo *umnyaka ngomnyaka ukubenza* b-a-p-h-e-l-e-l-e abasondelayo.

Uku p-h-e-l-e-l-a, kulapho, "Ukuphelela."

. . . sitshiya izimiso zemfundiso kaKhristu, kasiyeni phambili e*kupheleliswe ni;* . . .

Wobani ngabapheleleyo, njengo Yihlo wenu . . . ezulwini ephelele.

102 "Umthetho ulesithunzi sezinto ezinhle ezizayo," izimiso zonke lobhaphathizo lezi . . . zonke ezinye izinto ababelazo,

"zazingeke zenze umkhonzi aphelele." Futhi, kanti, uNkulunkulu ufuna "ukuphelela."

103 Ujoyina ibandla laseNazarene, alisoze likwenze uphelele. Ujoyina ibandla leBaptisti, Phentekhostali, loba yini okuyikho, akusoze kukwenze uphelele. Wena ungomuhle, indoda ethembekileyo, akusoze kukwenze uphelele. Kawungeke ufanele into eyodwa. Akula lutho mayelana ngawe, ukuthi ukufanele. Ulahlekile. Uthi, "Awu, ngagcina umthetho. Ngigcina isabatha. Ngigcina *lokhu*, zonke izimiso zikaNkulunkulu. Ngenza *lokhu*."

104 UPhawuli wathi, "Kasibekeni eceleni izinto zonke lezo manje."

105 "Lokho kulungile, kodwa sizakwenza *lokhu*. Sizabhaphathiza abantu, futhi sizabeka izandla phezu kwabo kukho ukusiliswa kwabo lokunjalo."

106 Singakuthatha, indima ngendima, kunye ngakunye kwalezo zinto. Ubhaphathizo, siyakukholwa. "Linye ithemba, inye iNkosi, lunye uKholo, lunye uBhaphathizo." Siyakholwa ukuthi kulobhaphathizo. Sikholwa ekuvukeni kwabafileyo. Ngempela. Siyakholwa uJesu wafa futhi wavuka njalo. Siyakukholwa lokho. "Ukubeka izandla, kwabagulayo," yikho lokho elakutshoyo. "Lezi zibonakaliso zizakubalandela labo abakholwayo. Nxa bebeka izandla zabo kwabagulayo, bayakusila." Siyakukholwa lokho.

Kodwa kuyini lokho? UPhawuli wathi, "Konke yimisebenzi efileyo." Yinto oyenzayo.

107 "Manje kasiyeni phambili ekuphelelisweni." O, minabo! Siza kuThabhanekeli, hatshi isisekelo; iThabhanekeli, iThabhanekeli Ngokwalo. Leso yisisekelo: umthetho, lokulunga, lo—lo—lo—lokujoyina ibandla, lokubhaphathizwa, lo—lokubeka izandla. Lezo zonke zinhlelo zebandla.

"Kodwa manje asiyeni ekupheleleni." Futhi kuloYedwa kuphela ophelelisiweyo, lowo nguJesu.

